

# I-EJENTI EBHALISILE

## Ubhalisa kanjani njenge-ejenti ebhalisile

I-ejenti ebhalisile umuntu (umuntu noma abantu abanegunya) abaseNingizimu Afrika abenza izinto egameni lenhloko yamazwe angaphandle. Kubalulekile ukuqaphela ukuthi 'i-ejenti ebhalisile' akuyena umuntu oyedwa 'njenge-ejenti egunyazayo' enemvume ngaleso sikhathi. Namuphi umuntu noma inkampani ebhalisile yaseNingizimu Afrika bangafaka isicelo sokuba 'i-ejenti ebhalisile'. I-ejenti egunyazayo enemvume ingakwazi ukuthi iphinde ibe 'i-ejenti ebhalisile'. Okuyizidingo ze-ejenti ebhalisile yilokhu okulandelayo:

- Isicelo kumele sifakwe ngefomu DA185 kanjalo nesithasiselo esifanele;
- Uma ubhalisa, akudingeki isibambiso okungaba esikazwelonke noma ngokwechweba ngalinye. Abakwa-SARS bona, kodwa, banelungelo lokufuna isibambiso uma isimo sobungozi e-ejenti ebhalisile sehla noma ingasiphi isikhathi.

I-ejenti ebhalisile kumele yamukele amagama abaqoqiwe aphakanyiswe inhloko yangaphandle eveza ukuthi yimiphi imisebenzi (ongenisa izimpahla ezweni, umthelekisi noma umthuthi wezimpahla) okumele yenziwe egameni lenhloko yamazwe angaphandle. Umuntu ofaka isicelo sokubhalisela ukuba 'i-ejenti ebhalisile' kumele abe seNingizimu Afrika.

I-ejenti ebhalisile eqoqiwe (ngokwesithathiselo DA 185 D):

- Inomthwalo wokufezekisa izibopho ezinikwe okungaba ongenisa impahla ezweni, umthelekisi noma umthuthi wezimpahla onemvume;
- Ingagcwalisa bese ithumela isidaluli esigunyazayo i-Customs clearance declarations(CCD) egameni lenhloko yamazwe angaphandle; futhi
- Ingathumela ifomu lesicelo egameni lenhloko yamazwe anagaphandle (isib. ongenisa impahla ezweni, umthelekisi noma umthuthi wezimpahla ezibambisile) liye eMnyangweni wokuThelisa.

## Imaphi amafomu okumele uwagcwalise ukuze ubhalise njenge-ejenti ebhalisile?

- [DA185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients](#)
- [DA185.4A13 – Registered Agent Client](#)
- Uma kudingeka isibambiso, kumele kugcwaliswe ne- [DA185.C](#).

Awekho amanye amadokhumenti okweseka adingekayo njengoba umfakisicelo kumele ebe ebhalisele iNtelo yeNgeniso kanti le mininingwane yokubhalisa izosetshenziswa ekusunguleni inkampani yezomthetho i-Legal Entity.

## Siwathumela kuphi amafomu?

Amafomu ezicelo kumele athunyelwe [ehhovisi eliseduze loMnyango wokuThelisa](#).